**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI LOMGWAQO U-P127 EMPENDLE MHLAKA 01 SEPTEMBER 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini waseMpendle nasesiFundeni saseMgungundlovu sonkana. Nizokhumbula phela ukuthi imiphumela yocwaningo lwethu ngezidingo zemigwaqo iCommunity Access Roads Needs Study lwaveza ukuthi imigwaqo yobhuqu engaphezulu kuka-60% isesimweni esibi kakhulu.

- Ucwaningo lwaveza futhi ukuthi abasebenzisa imigwaqo yasemakhaya yibona abashayeka kakhulu lapho bebhekana nezindleko eziphezulu zokusebenzisa izimoto. Lokhu kuba nzima kakhulu kubantu abasezindaweni zasemakhaya njengalapha okungekho nezikhungo zezimboni ezingalekelela ukubhekana nalezi zinselelo.

- Nokho-ke, kule minyaka edlule uMnyango wami ulokhu uyivula njalo iminyango yezomnotho ngokusebenzisa izinhlelo zawo zodumo ezilwa nobuphofu ezindaweni zasemakhaya. Imizamo yethu yokulwa nobubha iyaziwa ezweni lonke.

- Ukuvulwa nokuphendulwa kwamasoyi emigwaqo namabhuloho esikwenzayo esifundazweni sonke kufakazela kona ukuthi ngempela sinomsebenzi obalulekile esibhekene nawo wokuguqula izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal.

- Yingakho-ke umuntu ejabula ngokuba yingxenye yalo mcimbi wokuhlatshwa kwesoyi lika-P127. Siyazi phela ukuthi uma singenayo imigwaqo, umnotho wethu ngeke uye ndawo. Inselelo esibhekene nayo ngukuqeda ukuntuleka kwemigwaqo okwadaleka ngesikhathi sobandlululo ngisho nangaphambi kwalo. Sidinga ukukhulisa umnotho sithuthukise abantu bakithi ezindaweni zasemakhaya.

- Lo mgwaqo usiza ingxenye enkulu yomphakathi waseMpendle. Ukulungiswa kwawo ufakwe itiyela kuzokwenza lula ukufinyelela emitholampilo emine nasezikoleni ezingu-24 ezisetshenziswa umphakathi owakhele uP127.

- Lo mgwaqo ubuye ube umzila wezithuthi zomphakathi njengamabhasi njengoba kuyiwona osetshenziswa ukuya e-Underberg naseHimeville. Ukulungiswa kwawo kuzosiza nezimoto eziya eMpumalanga Kapa, eKokstad, eBulwer nasezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe.

- Ngesikhathi sokwakha, kuzokuba nemali ezolokhu ifakwa kule ndawo ihambisana namathuba emisebenzi azodaleka esikhathini esifinyelela eminyakeni eyishumi. Ilinganiselwa ku-R350 million imali ezodliwa yilo mgwaqo ongu-55km, ngokwezindleko zokwakha zamanje.

- Mangigcizelele ukuthi uMnyango wami uzibophezele ohlelweni lokusebenza oluhlelekile, oluvumela bonke abathintekayo ukuthi bathathe izinqumo ezifanele ngokuthi yimuphi umgwaqo okumele wakhiwe kuqala endaweni. Yingakho phela uMnyango wasungula izinhlaka zama-Rural Road Transport Forums (RRTF)

- Ama-RRTF agqugquzela ukubandakanywa kwemiphakathi uma kulethwa intuthuko futhi kusheshiswe nezinguquko ohlelweni loMnyango lokulethwa kwezidingo emphakathini. Ama-RRTF anomthwalo wokubika emiphakathini yawo.

- Ngenhlanhla ngisanda kuhlangana namakomiti aphethe lezi zinhlaka zamaRRTF, ngathola ukuthi ngempela zikhona izinselelo ezibhekana nazo ekusebenzeni kwazo. Kodwa ngenkathi sisalungisa okuyizinkinga silindele ukuba siqhubeke nomsebenzi esibhekene nawo wokuthuthukisa umphakathi wethu.

- Mangiphethe ngokuninxusa nani njengomphakathi ukuthi phela nizisebenzise izinhlaka ezahlukene uMnyango ozisungulela ukuba zixhumanise imiphakathi noMnyango. Asidingi ukubona amalungu omphakathi esigxeka ngokungafezi izethembiso ebe engaxhumana nezinhlaka ezifanele. Sinezinhlaka ezifana nama-Community Road Safety Councils (CRSC) nama-Passenger Associations, phakathi kwezinye, okudingeka nizisebenzise.

- Usuku nosuku, eMnyangweni sihlale sibheka izindlela zokubhekana nezinselelo ezintsha : Sesenze kwaba lula kubantu besifazane nezingane ukuba bafinyelele ezikoleni nasemitholampilo. Lokhu kukodwa nje kuchaza kahle ukuthi yini elindeleke kwintando yeningi – UMGWAQO, INTUTHUKO NOKUTHULA. Yikuphi ukuvikela ababuthaka okudlula lokhu?

**Ngiyabonga**